Project Hannah
A Ministry of TWR

MBASA 2016

Bangani abathandekayo

Ngenyanga kaNhlolanja, uNkulunkulu wangimemela ukuba nginixoxele ngokumangalisa kukaJesu Krestu kwabesifazane ngoPH. Njengomholi omusha, ngijabule ukuba nomsebenzi wokunakekela nokuholela uPH ekusaseni eliqhakazile. Ngibonge kakhulu, kuMarli Spieker, nakumakhulu abasebenzi namavolontiya, ngithokozela isisekelo esiqinileyo esakhele kuso.

Ngithanda ukuqala uhambo lwethu "ngokubonga" ngemikhuleko yenu kusuka eminyakeni eminingi edlule futhi nisebenzisa ikhalenda lomkhuleko njengomhlahlandlela. Uyingxenye yombutho womkhuleko emazweni awu125. Sindawonye, umkhuleko wethu usebenza ngezilimi ezu69 emisakazweni nokufinyelela emiphakathini futhi sithembekile ukuxhumana ngenxa yezidingo zabesifazane emhlabeni wonke. UNkulunkulu wenza omkhulu umsebenzi, futhi ngilangazelela ukubona ukuthi usiphatheleni ngomuso.

Kulenyanga siphakamisa odadewethu eCaribbean. Asikhulekele ukuthintwa kwezinhliziyo zabo noluphiliswa ezimpilweni egameni likaJesu. Bazizwele nje ubuhle Bakhe ezinhliziyweni zabo, njengoba bebona futhi bethokozele ubuhle Bakhe obuzungeze indalo.

Ukubelesela komkhuleko wenu kwenza siqhubeke sinamathele emvinini osilondayo nsuku zonke. Ngaphandle kwemikhuleko yenu ngeke sikwazi ukwenza umsebenzi esiwumiselweyo. Sisaqhubeka nokukhuleka, izinhliziyo zethu azithokozele ukuthi iNkosi iyakuzwa ukukhuleka kwethu. Useduze nabazinhliziyo zaphukile, uma sivuma izono zethu uyasithethelela. Uyapha ithemba nokuphilisa okuphakade ngeNdodana yakhe, uJesu Amahubo 32: 21; 34: 17; I Johane 1: 9; Johane 3: 16; 15: 5).

Ngiyohlale ngibonga ukuzinikela kwenu ekukhulekeleni abesifazane emhlabeni wonke. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyababona abesifazane futhi uyezwa ukukhala kwabo. Asiqhubeke sime nokuma esikhaleni ngenxa yabesifazane emhlabeni wonke sinikeze ithemba ngoJesu.

Kuye izinhliziyo zethu ziyathokoza,

Peggy Banks
Global Ministry Director
Project Hannah